

uChungechunge Lwezifundo zeBhayibheli
Zakwa Church Land Programme



Isifundo 2: ABESIFAZANE NOMHLABA



Isikhathi esilinganisiwe:

2.5 wamahora



Itekisi elisemqoka:

Numeri 27: 1-11 (funda no uJobe 42:12-15)



Ozokudinga: Amapeni, iphepha, iBhayibheli, inewsprint enkulu (noma ibhodi lokubhala no shoki) ikhokhi pen, okokunamathisela (prestik noma amadrawing pins).



Ulwazi olubalulekile kuMsizi

Lesisifundo seBhayibheli singesinye zezifundo eziyingxene ye yochungechunge oludidiyelwe iChurch Land Programme (CLP). Yisifundo sabantu abafuna ukuqonda ukuthi iBhayibheli liyibuka kanjani indaba yomhlaba, kanye nalabo abathintekayo ezindabeni zomhlaba. Siqukethe imininingwane ebalulekile ngesifundo seBhayibheli, izahluko namaculo okukhonza nemithandazo, okuqondwe ngakho ukusiza abaholi bamabandla namabandla uqobo ekutheni acabange ngezimo zamalungelo abantu kwezomhlaba nendalo ekubambisaneni noNkulunkulu. Kubalulekile kakhulu ukuba uqale ngokufunda 'Isingeniso' esisekuqaleni kwaloluChungechunge lweZifundo zeBhayibheli lakwa CLP, ukuze uqonde ngomlando walesisifundo.



Ongakulungiselela ngaphambili:

- Funda isifundo sonke.
- Funda iTekisi elibalulekile, uqiniseke ukuthi uyaqonda ukuthi indaba ikhulumana ngani.
- Qoqa izinto ozozidinga esifundweni (Buka uhla olungenhla).
- Funda yonke imibuzo engezansi, ucabange ukuthi ungayiphendula kanjani.
- Bhala imibuzo 1 kuya ku5 ephepheni elikhulu. Bhala kakhulu nangokucacileyo.
- Bhala imibuzo 6 kuya ku12 ephepheni elikhulu. Bhala kakhulu ngokucacileyo.
- BHala umthandazo wokuvala ephepheni elikhulu. Bhala ngesandla esikhulu nesicacile.



Isinyathelo 1.

Ungafisa ukuqala isifundo seBhayibheli ngokwamukela bonke abantu, bese uvula ngomthandazo.



Isinyathelo 2.

(Isikhathi: 5 wemizuzu)

Funda itekisi kakhulu. Kuhle kakhulu uma lokho kwensiwa omunye onezwi eliqinile futhi elikhulu. Uma abantu benawabo amaBhayibheli, bangakhetha ukulandela befunda kwawabo amaBhayibheli.

Umbono oMuhle



- Iqembhu labesifazane ebandleni lakho bangalungisa ukudlala isikeshi esiphuma
- kulendaba yeBhayibheli. Lesisikesi singakhulula abantu sinike nomdlandla wendaba.

Isinyathelo 3.

(Isikhathi: 20 wemizuzu)

Buza wonke umuntu okhona lombuzo: Indaba le ikhulumia ingani?

Lombuzo kufanele udingidwe abantu bonke kulesisifundo.

Bhala phansi izimpendulo ephepheni elikhulu ukuze bonke abantu bazibone.

Isinyathelo 4.

Siza abantu bazehlukanise babe ngamaqembu amancane. Umakungenzeka kuhle kube nabantu bahlukaniswe ngokuthi abesifazane asebekhulile bakhe elabo iqembu, kanjalo nabesilisa asebekhulile bahe elabo. Abesifazanae asebancane bakhe elabo iqembu, kanjalo nabesilisa abasebancane bakhe elabo. (Isizathu sokubahlukanisa yingoba abanye abantu abakhulumi ngokukhululeka uma beseqenjini eililodwa nabantu abathe ukwehluka kubona). Ngokuvamile kungkuhle abantu bakhe amaqembu abantu abane noma abayisithupha egenjini ngalinye uma kungenzeka. Iqembu ngalinye kufanele libe nephepha nepeni noma ipensela lokubhala. Namathisela odongeni iphepha elinemibuzo 1 kuya ku 5. Wonke amaqembu kufanele akwazi ukulibona kalula.



Isinyathelo 5.

(Isikhathi: 30 wemizuzu)

Lamaqembu kufanele axoxisane ngemibuzo, bese futhi ebhala phansi izimpendulo:

1. *Obani abalingiswa futhi yini esiyaziyo ngabo?*
2. *Iziphi izizathu amadodakazi kaZelophehad azisho ukuzuza umhlaba? Ngamanye amazwi kungani kudingeka athole umhlaba?*
3. *Yiziphi izikhungo ezivimbela abesifazane ukuba babengabanikazi bomhlaba?*
4. *Iyiphi indima eddalwa u Mose njengomholi nomnikimthetho kulendaba?.*
5. *Uthini uNkulunkulu ngokuba amadodakazi abelwe umhlaba?*





Ulwazi olubalulekile kuMsizi

UMthetho was ningizimu Afrika ulawula ukuthi abesifazane banamlungelo alinganan nawabesilisa okudla ifa lomhlaba (property) uma kushiwe iloyo umyeni (“spouse”) uma kwenzeka eshona noma behlukanisa umshado. Umshado uluthando olwakhelwe phezu kwesivumelwano sobubhizinisi (business contract). Ngaphambi kokuba abantu bashadiswe, laba ababili kudingeka bazinqumele ukuthi luhlobo luni lwsivumelwano (contract) abangathanda ukuba shadiswe ngalo. Lesisivumelwano yiso esiyolawula ukuthi kuyokwenzekani ngempahala/ifa labo (kumbandakanya nomhlaba) uma kwenzeka omunye wabo eshona, noma behlukanisa. ZIntathu-ke izinhlobo zezivumelwano zemishado:

In Community of Property:

Iminyaka eminingi, loluhlobo lomshado belugcine abantu besezingeni elifanayo nelizingane ngokwezimali emshadweni. Uma ushade ngokwe “in community of property” kusho ukuthi niyalingana ebunikazini bayo yonke into emshadweni. Lokhu kusho ukuthi nobababili ninobunikazi bengcebo yenu kanye nezikweletu ngokulinganayo nangokufanayo. Ngamanye amazwi uma umlingani wakho edala izikweletu zingezaqho nawe. Enye yezinto ezibuthakathaka baloluhlobo lomshado ukuthi uma umlingani oyedwa engena ezikweletini kuze kufike ezingeni lokuthi adlelwe impahla yakhe, naleyo yomlingani wakhe isengadliwa nayo. Uma kwenzeka ushada ngaphandle kokuloba isivumelwano somshado esihlukile, umthetho wase Ngingizimu Afrika uthatha ngokuthi ushada ngokwe in community of property. Usengasenza isivumelwano emva komshado, esibizwa ngokuthi “post-nuptial contract.”

Out of Community of Property:

Ababili bashada kwi out of community of property ngokuthi basayinde isivumelwano esibizwa ngokuthi “ante-nuptial contract” (ANC). Lokhu kusho ukuthi okungokwakho kungokwakho; okomlingani wakso kungokwakhe. Owesifazane angangena kunoma isphi isvumelwano esithinta izimali ngaphandle kokuphoqeleka ukuba aqale ngokuxoxisan nomlingani wakhe. Uma kwenzeka umshado uhlukanisa loyo naloyo ufanelwe ukuthola okungokwakhe, okusegameni lakhe, kodwa inkantolo iyolindela ukuthi nakuba kunjalo makube khona ukwahlukanisa kwamafa okuyikonakona ikakhululazi uma kusekhona abasadinga ukondliwa. Loluhlobo luhle kakhulu kulabo abafika emshadweni bevele sebenezimpahla (assets) eziningi ngoba uyobavikela, ngokuthi uzigcine egameni lakhe umuntu. Uma umlingani obenganayo impahla etheni edlelwa impahla ngenxa yezikweletu abakweletayo abakwazi ukudla nempahla kamlingani wakhe ongene emshadweni seethe ukusimama ngokomnotho. Loluhobo alumvimbni umlingani ukuba aphe umlingani wakhe impahla. Nakuba behkohka intela ngokwahluvana, umthetho uyabavumela ukuba bangaphana baphinde bamukele izipho komunye nomunye ngaphandle kokwesabela ukukhokhiswa intela.

Out of Community of Property with Accrual:

Umshado we ANC kodwa ene-accrual (ekhulayo) isho ukuthi noma yini umlingani afike nayo emshado iyohla ingeyakhe. Abashadile bahlanganyela lokho abakuzuze sebeshadile kuphela, umuntu ngamunye uyakwazi ukuthi abenekululeko yokusingatha izimali zakhe ngokuthanda kwakhe. Abakweletwayo abakwazi ukudla impahla yomunye ngoba oyedwa ebakweleta. Kodwa-ke uma umshado uhlukanisa imaphla abayizuze sebeshadile iyohlukanisa ngokulinganayo, kanjalo nezikweletu. Makuqapheliseke ukuthi kukhona nohlobo lomshado olubizwa ngokuthi “Customary Union” olulawulwa ngesigaba somthetho esibizwa ngokuthi i-Recognition of the Customary Marriage Act No. 120 of 1998. Imishado ye Customary Union yaziswa futhi ithathwa njengemishado



egcwele nesemthethweni. Umthetho, enye yezinto ozenzayo, lomshado uwuhlonipha ngendlela efanayo futhi uwubeka ezingeni elifanayo neyayo yonke imishado yasenkantolo (civil law marriages) uma sekusa ezindabeni ezithinta amalungelo obunikazi nokwabiwa bempahla nokunye okunjalo. asuke ekade eshade naye. Iwazi ngomthethosisekelo wase Ningizimu Afrika nokuphathwa komhlaba ngabesifazane.

Isinyathelo 6.

(Isikhathi: 20 wemizuzu)

Amaqembu amancane kufanele abikele abantu bonke ngabaxoxisane ngakho nezimpendulo zawo. Ukonga isikhathi amaqembu angabika imibuzo eyahlukene ngokushintshana.



Isinyathelo 7.

(Isikhathi: 30 wemizuzu)

Emuva kokubika, abantu kufanele babuyele emaqenjini abo amancane. Namathisela iphepha elinemibuzo 6 kuya ku 12, amaqembu wonke ayibone kalula. Amaqembu amancane awa axoxisane futhi aphendule lembibuzo. Kufanele futhi babhale phansi uhlelo lwabo lwezinto abazozenza (plan of action).

6. *Lendaba ithini ngokukhulunyelwa kwabesifazane?*
7. *Ingabe abesifazane emphakathini wakho bangabanikazi bomhlaba?*
8. *Iziphi izizathu abesifazane emphakathini wangakini abazishoyo ukuze babengabanikazi bomhlaba?*
9. *Ingabe abaholi bendabuko endaweni bathini ngokuba abesifazane babengabanikazi bomhlaba?*
10. *Lithini ibandla ngokuba abesifazane babengabanikazi bomhlaba?*
11. *Uthini umthetho sisekelo nomthetho ngokuba abesifazane babengabanikazi bomhlaba?*
12. *Nizokwenzani ngalokhu?*

Lokhu Kusho Ukuthini



**USIZO
LWABESIFAZANE
OLUPHUTHUMAYO**

Isenzo, indlela yokwenza noma inkambiso eyenzinwa ngayo NOMA mandla negunya lokwenza izinto.

Isinyathelo 8.

(Isikhathi: 30 – 40 wemizuzu)

Siphinde futhi ekupheleni kwesikhathi sokuxoxisana, amaqembu amancane kudingeka abike eqenjini elikhulu, ethule futhi uhlelo lwavo lwezinto azozenza (plan of action).



Isinyathelo 9.

Goqa isifundo ekupheleni. Ungafisa ukwenza lokhu ngokuthi uhole abathameli besifundo kulomkhuleko olandelayo (ubhalwe ephepheni elikhulu), nonke niwusho kanyekanye:

Oh Nkulunkulu, sikhulekela isibusiso ukuba sehlele laba besifazane abakhona lapha namhlanje, nabo bonke abesifazane abakhe ezweni lethu. Siyakubonga ngokuba uyasibusisa ngeisthunzi sakho, futhi usipha nobulungiswa bobunikazi bomhlaba. Siicela usizo lwakho ukuba sikwazi ukwenza ngobuhlakani lokhu esiku hlongoza lapha ukukwenza namhlanje. Amen.

